**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lineSIQEPHU ESISODWA:

   IMIBHALO YOBUCIKO (40)

2. Phendula YONKE imibuzo.

3. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

4. Dwebela emva kombuzo ngamunye.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

6. Yeqa umugqa emva kwempendulo ngayinye.

7. Qaphela upelomagama nokwakheka kwemisho.

8. Hlela isikhathi kanje:

   UMBUZO 1: Imizuzu engama-45
   UMBUZO 2: Imizuzu engama-45

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## IMIBHALO YOBUCIKO

- Kuleli phepha umfundi uzophendula imibuzo NGENCWADI EYODWA kuphela.
- Amamaki aleli phepha esewonke angama-40.

## UMBUZO 1: INDABA EMFISHANE

***ISILILO* – Gugulethu B Mazibuko**

Phendula YOMIBILI imibuzo kule ncwadi.

**'KWATHI DWE' – Siphamandla Clement Mathaba**

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

### ISIQESHANA A

'Hhayi, angizile ngalezo Mnguni bengizokulanda ngoba ngihamba ngemoto yami namuhla. Bengingeke ngize ngikushiye sibe siya efemini eyodwa.' Esho eyame ngesango uMdletshe.
'Hamba mngani wami, kukhona engisakwenza. Ngizogibela itekisi. Ngizokufica khona emsebenzini.' Aqalaze uMaKhoza efuna ukumbona ukuthi uzothini. Abone ukuthi umi emva kwakhe. **Umbuka ngeso lengulube**.

'Yenza okwenzayo uqede. Ngizokulinda sihambisane Mnguni.' kusho uMdletshe.
Avele aphume aqhashe endlini uMaKhoza. Amemeze.
'Hheyi wena Mdletshe! Awuhlukane noMnguni phansi. Awumuzwa yini uma ethi akafuni ukuhamba nawe. Kanti ufuna ukuyenzani indoda yami? Angimfuni mina umuntu ozongibhidlizela umuzi wami. Ungalinge nje uhambe nomyeni wami uma usuya enyangeni yakho. Ubohamba wedwa Mdletshe ndini! Umuzwe ethi uyagula yini uMnguni njengoba usumbelesele ngezinyanga nje?'

1.1 Ubani umngani kaMnguni okuvela isibongo sakhe kulesi siqeshana? (1)

1.2 Waphendula wathini uMnguni ngesikhathi umngani wakhe emcela ukuba bahambisane ngalolu suku? (1)

1.3 Wathini uMaKhoza ngesikhathi ekhuluma nomngani kaMnguni ngalolu suku? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.4 Wakhokha malini uMaKhoza enyangeni? (1)

1.5 Ubani igama lale nyanga okwakuye kuyo uMaKhoza? (1)

1.6 Kungani umngani kaMnguni ayefuna ukumyisa enyangeni? (2)

1.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenziswe kulesi siqeshana osifundile:

**Umbuka ngeso lengulube.** (2)

1.8 Inkulumompendulwano phakathi kukaMdletshe, uMaKhoza noMnguni imveza njengomuntu onjani uMaKhoza? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.9 Uyavuma yini ukuthi uMaKhoza ungumlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 UMdletshe uvezwe njengomuntu onjani kule ndaba? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

1.11 Sinjani isiphetho sale ndaba? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.12 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMnguni mayelana nendlela umkakhe uMaKhoza ayemphethe ngayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
**[20]**

**KANYE**

**UMBUZO 2: INDABA EMFISHANE**

**'UZINYOBULALA' – Mandla Maurice Ndlovu**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**ISIQESHANA B**

'Mhlawumbe aludonsi lapho bekhona. Ngicabanga ukuthi basendleleni ebuyayo manje.' Kusho uDudu ezama ukwehlisa amaphaphu kumyeni wakhe.
'Ake ngizame umngani wakhe.' Esho echofoza inombolo kaMbali. Kwathi gidi enhliziyweni kuMusa ezwa izwi likaMbali liphendula.
'Yebo sawubona baba,' uMbali ephendula ememeza ngoba kunomsindo omkhulu wabafundi ngemuva.
'Yebo mntanami. Nikuphi manje?'
'Sesifikile baba. Sesisesikoleni, sifika manje.'
'Uphi uLihle, kade ngimzama kodwa ngingamtholi?'
'Ukhona baba. Ucingo lwakhe luphelelwe yibhethri. Okunye futhi baba ubethe ngimcelele ukuthi angivakashele, abuye kusasa,' kusho uMbali.
'Hhayi, ngeke kulunge mntanami,' esho ehleka uMusa. 'Uyokuvakashela ngelinye ilanga. Mtshele ukuthi siyeza sizomlanda khona manje.' Avalelise uMusa.
**Bangabe besapholisa maseko**, banikela khona esikoleni.

2.1 Ngokukamama kaLihle, yini eyayenza ucingo lwendodakazi yakhe lungangeni uma beyifonela? (1)

2.2 Kungani umngani kaLihle ebememeza ngesikhathi ekhuluma nocingo? (1)

2.3 Tomula umusho okhombisa ukuthi umngani kaLihle wayengafuni abazali bomngani wakhe babone ukuthi indodakazi yabo iphuzile. (1)

2.4 Ngokwale ndaba wayenzani uMusa ngesikhathi uLihle egeza? (2)

2.5 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uLihle azibulale? (2)

2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Abafundi babehamba nge … ngesikhathi besuka esikoleni beya emcimbini.

A sitimela
B zimoto
C bhanoyi
D bhasi (1)

2.7 Uchazani umbhali uma ethi:

**Bangabe besapholisa maseko.** (2)

2.8 Yisiphi isifundo esitholakala kule ndaba? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.9 Ucabanga ukuthi lalizoba njani ikusasa likaLihle ukube akazibulalanga? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.10 Ubaluleke ngani umlingiswa ongumngani kaLihle kule ndaba? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.11 UMusa wayikhulisa kanjani indodakazi yakhe? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.12 Kungani indlela yokuziphatha kwabafundi abebefunda noLihle ingamukelekile? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 40**